

IKHATHEKHIZIMU ELIFITSHANE

U.1. Wadalelwani umuntu na?

1. Umuntu wadalelwa ukudumisa uNkulunkulu^a lokuthokoza kuye njalo njalo^b.

a 1 Kor.10: 31 Ngakho-ke loba lisidla, loba liphuza, lisebenzani, konke kwenzelwe udumo lukaNkulunkulu.

b Hubo 73: 25-28 Ngilobani ezulwini ngaphandle kwakho? Kakukho engikufisayo emhlabeni ngaphandle kwakho. Inyama yami lenhliziyo yami kuyaphela, kodwa uNkulunkulu ungamandla enhliziyo yami lesabelo sami kuze kube nininini.

U.2. Yisiphi isimiso uNkulunkulu asinike sona esokuqondisa kukho ukumdumisa lokuthokoza kuye?

1. Ilizwi likaNkulunkulu elisemibhalweni yeThestamente elidala lelitsha^c, yiso kuphela isimiso esiqondisayo endleleni yokumdumisa lokuthokoza kuye^d.

c Efe. 2: 20 Lakhwiwe phezu kwesisekelo sabaPostoli labaProfethi, uKristu Jesu uqobo lwakhe eyilitshe legumbi.

2 Tim. 3: 16 Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu ilungele ukufundisa, lokusola, lokuqondisa, lokulaya ekulungeni.

d 1 Joha. 1: 3 lokho esikubonileyo sasesikuzwa, silitshumayeza khona, ukuze lani libe lokuhlanganyela lathi; ngeqiniso le inhlanganyelo eyethu ikanye loYise njalo kanye leNdodana yakhe uJesu Kristu. v. 4.

U.3. Isifundisani imibhalo okuqakathekileyo na?

1. Imibhalo ifundisa lokho okufanele umuntu akukholwe ngoNkulunkulu njalo lomsebenzi uNkulunkulu awufunayo emuntwini^e.

e 2 Tim. 1: 13 Isibonelo samazwi aphilayo kasibe ilawo owawezwa kimi ngokukholwa langothando lukaKristu Jesu. 2 Tim. 3:16.

U.4. Uyini uNkulunkulu?

1. UNkulunkulu unguMoya, ^fkalasiphelo, ^guliphakade, ^hkaphenduki, ⁱkubukhona bakhe, ^jlekuhlakanipheni ^kemandleni ^lembungcweleni, ^memthethweni, ekulungeni njalo leqinisweni.

f Jobe 11: 7 Ungayithola imfihlakalo kaNkulunkulu na? Ungamfumana uSomandla kuze kube sekupheleni kwakhe na?

g Jobe 11: 8, 9.

h Hubo 90: 2 Kusukela ekuqaleni kuze kube phakade, uNkulunkulu ukhona.

i Jak. 1: 17 KuYise wokukhanya okungekho kuye ukuguquka lasithunzi sokuphenduka.

Eks. 3: 14 UNkulunkulu wasesithi kuMozisi: NGINGUYE ENGINGUYE. Wathi futhi: Uzakutsho njalo kubantwana bakolSrayeli ukuthi: UNGINGUYE ungithumile kini.

k Hubo 147: 5 INkosi yethu inkulu, makhulu amandla ayo, ukuqonda kwayo akulakulinganiswa.

l Isam. 4: 8 Ingcwele! Ingcwele! Ingcwele! INkosi uNkulunkulu, umnininindla onke owayekhona lokhona, lozayo.

m Isam. 15: 4 Ngubani ongayikwesaba, iNkosi, adumise ibizo lakho na? Ngokuba wena wedwa ungcwele.

n Eks. 34: 6 NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ongcwele olesihawu olomusa ophuza ukuthukuthela, lovame ubunene leqiniso. v. 7 Ogcinela abayizizukulwana umusa, othethelela ububi leziphambeko lezono, ongayikumyekela olecala.

U.5. Bangaki oNkulunkulu na?

1. Ukhona munye kuphela, ^puNkulunkulu ophilayo njalo oweqiniso.^q

p Dute. 6: 4 Zwana Israeli: UJehova uNkulunkulu wethu, uJehova munye.

q Jer. 10: 10 Kanti uJehova munye, unguNkulunkulu weqiniso, unguNkulunkulu ophilayo leNkosi yaphakade.

U.6. Zingaki iziqu zikaNkulunkulu na?

1. Iziqu zikaNkulunkulu zintathu. UYise, leNdodana, loMoya oyiNgcwele. ^rLezi zontathu zinguNkulunkulu. Zilingana ngamandla langodumo.^s

r Mat. 28: 19 Ngalokho hambani lifundise izizwe zonke libabhaphathize egameni likaYise, leleNdodana lelikaMoya oyiNgcwele.

s 1 Joha. 5: 7 Ngokuba bathathu abafakaza ezulwini, uYise, uLizwi loMoya oyiNgcwele. Laba bobathathu bamunye.

U.7. Ziyini izimiso zikaNkulunkulu?

1. Izimiso zikaNkulunkulu zilicebo lakhe elingelasiphetho, ngokwecebo lentando yakhe, okungayo, ngokodumo lwakhe uqobo, umisile ngaphambili loba kuyini okwenzakalayo.^t

t Efe. 1: 4 Esakumiselwa ngaphambili ngokwesimiso salowo osebenza izinto zonke ngokuquma kwentando yakhe. v. 12 Ukuze sibe lodumo lwenkazimulo yakhe.

Efe. 1: 11 Roma. 9: 22, 23.

U.8. UNkulunkulu uzisebenzisa njani na izimiso zakhe?

1. UNkulunkulu izimiso zakhe uzisebenzisa emisebenzini yokudala, ^ulokongamela zonke izinto.^w

u Hubo 4: 11 Ngokuba nguwe owadala izinto zonke langanxa yentando yakho zabakhona, zadalwa.

w Dan. 4: 35 Wenza njengentando yakhe empini yasezulwini laphakathi kwabakhileyo emhlabeni.

U.9. Kuyini umsebenzi wokudala?

1. Umsebenzi wokudala yikuba uNkulunkulu wenza zonke izinto emayeni ^xezenza ngamandla ^yelizwi lakhe ngensuku eziyisithupha, zonke izinto zabazinhle kakhulu.^z

x Gen. 1: 1 Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu lomhlaba.

y Heb.11: 3 Ngokukholwa siqonda ukuthi ilizwe lonke ladatshulwa ngelizwi likaNkulunkulu ukuze kuthi okubonwayo akuvelanga ngokubonakalayo.

z Gen. 1: 31 UNkulunkulu wabona konke akwenzileyo, bheka kwakukuhle konke kwabayikuhlwa kwaba yikusa kwesithupha.

U.10. UNkulunkulu wamdala njani umuntu na?

1. UNkulunkulu wamdala umuntu wesilisa lowesifazana ngomfanekiso wakhe, ^aelwazini, ekulungeni njalo lebungcweleni, ^bbelobukhosi phezu kwazo zonke izidalwa.^c

a Gen. 1: 27 UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe, wamdala ngomfanekiso wakhe wadala owesifazana lowesilisa. v. 26.

b Kol. 3: 10 Lembethe umuntu omutsha owenziwa kutsha abelokwazi ngomfanekiso walowo omdalayo.

Efe. 4: 24 Lembethe umuntu omutsha oadalwa ngokukaNkulunkulu ekulungeni lasebungcweleni beqiniso.

c Gen. 1: 28 UNkulunkulu wababusa, uNkulunkulu wathi kubo: Zalani lande ligcwalise umhlaba liwunqobe, libuse phezu kwezinhlanzi zolwandle lezinyoni zezulu lezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni.

U.11. Iyini imisebenzi kaNkulunkulu yokongamela izinto zonke?

l. Imisebenzi kaNkulunkulu yokongamela izinto zonke, yikulawula ngobungcwele, ^dngokuhlakanipha, ^elangamandla okulondoloza, ^fnjalo ezibusa zonke izidalwa zakhe lezenzo zazo.^g

d Hubo 145: 17 UJehova ulungile ezindleleni zakhe zonke, ulomusa emisebenzini yakhe yonke. Hubo 104: 23.

e Isa 28: 29 Ngalokho ukucela kuJehova wamabandla oyisimangaliso ekwelulekeni lomkhulu ekwenzeni.

f Heb. 1: 3 Egcina konke ngelizwi lamandla akhe.

Hubo 103: 19 Kuthi umbuso wakhe ubuse phezu kwakho konke.

g Mat. 10: 29 Akuthengwa yini imizwilili emibili ngepeni na? Akuyikuwa phansi lomunye kuyo engazi uYihlo wenu. Mat. 10: 30, 31.

U.12. Yisiphi isenzo sikaNkulunkulu esikhethekileyo esokongamela asisebenzisa kumuntu ekumenzeni kwakhe?

1. UNkulunkulu esemenzile umuntu wangena esivumelwaneni sempilo laye, nxa emlalela ngokupheleleyo, ^hemenqabela ukudla isihlahla sokwazi okuhle lokubi, ukuze angafi.ⁱ

h Gal. 3: 12 Khepha umthetho asiwokukholwa kodwa umuntu ozenzayo lezizinto uzaphila ngazo.

i Gen. 2: 17 Kodwa umuthi wokwazi okulungileyo lokungalunganga ungawudli, ngokuba msukwana uwudlayo uzakufa lokufa.

U.13. Yikuthi abazali bethu bakuqala baqhubeka bekuso isimo abadalwa babayiso sona na?

1. Abazali bethu bakuqala, ngenxa yokuba bekuyo inkululeko yentando yabo, bawa kusimo sabo, ngokona kuye uNkulunkulu.^k

k Tshu. 7: 29 Ukuthi uNkulunkulu wamenza umuntu kodwa bafunile amacebo amanengi.

Gen. 3: 6, 7, 8, 13.

U.14. Kuyini isono na?

1. Isono yikusilela ukwenelisa, lokwephula imilayo kaNkulunkulu.^l

l 1 Joha. 3: 4 Bonke abenzayo ukona beqa umthetho, ngokuba ukona kuyikweqa umthetho.

U.15. Yisiphi isono esawisa abazali bethu bakuqala kuso isimo ababedlalwe bekuso?

1. Abazali bethu bakuqala bawa kuso isimo ababedlalwe bekuso, ngesono sokudla isithelo sesihlahla okwathiwa bangasidli.^m

m Gen. 3: 6 Owesifazana-ke ebona ukuthi isihlahla sihle ukuba yikudla, lokuthi sona siyabukeka emehlweni, lesihlahla sikhwabitheka ukwenza uhlakaniphe, wakha okwesithelo saso wadla; wasenika lendoda yakhe kanye laye, yasisidla. v. 7. Athi amehlo abo bobabili avuleka babona ukuthi bahambaze. v. 8. UAdamu lomkakhe bachatshela uJehova uNkulunkulu ezihlahleni zensimu.

U.16. Yikuthi bonke abantu bawa ngesono sokuqala sikaAdamu?

1. Isivumelwano sesenziwe loAdamu, singesiso esakhe yedwa kodwa lesezizukulwana ezizayo, ⁿbonke abantu abalusendo lwakhe bona, bawa laye esonweni sakhe sokuqala.^o

n Gen. 1: 28 UNkulunkulu wababusa, uNkulunkulu wathi kubo: Zalani lande ligcwalise umhlaba liwunqobe.

Gen. 2: 16 UJehova uNkulunkulu wamlaya uAdamu ethi: Ungadla izihlahla zonke zensimu ngokuthanda kwakho. v. 17. Kodwa isihlahla sokwazi okulungileyo lokungalungile ungasidli, ngokuba msukwana usidlayo uzakufa lokufa.

o Roma. 5:18 Ngakho njengoba ngesiphambeko sinye isigwebo saba kubo bonke abantu ukuya ekulahlweni, ngokunjalo

langokulunga koyedwa umusa weza kubo bonke abantu ukuya ekulungisisweni kwempilo.

1 Kor. 15: 21,22.

U.17. Ukuwa kwaletsa abantu kusiphi isimo na?

1. Ukuwa kwaletsa abantu kuso isimo sesono losizi.^p

p Roma. 5: 12 Njalo njengokuba ngomuntu munye ukona kwangena emhlabeni lokufa kwangena ngokona, kunjalo ukufa kwadlulela ebantwini bonke ngokuba bonke bonile.

U.18. Bungaphi na ububi balesosimo sesono umuntu awela kiso?

1. Lobobubi besimo sesono umuntu awela kiso, kusekucalekeni kukaAdamu ngesono sokuqala, ^qukuswela ukulunga kwakuqala, ^rlokubola kwawo wonke umdabuko wakhe, lokhu kubizwa ngokuthi "Yisono Somdabuko", ^slazo zonke iziphambeko ezivela kiwo.^t

q Roma. 5: 19 Njengokuba ngokungalaleli kwalowomuntu emunye abanengi benziwa izoni. v. 12.

r Roma. 3: 10 Kakho olungileyo loyedwa.

s Efe. 2: 1 Ulivusile lani ebelifile eziphambekweni lasezonweni. v. 2, 3.

Hubo 51: 5 Bheka ngazalwa ebubini lasekoneni umama wangithabatha.

t Mat. 15: 19 Kuvela enhliziyweni izizindlo ezimbi, ukubulala, ukuphinga, ukuhlobonga, ukweba, ukuqinisa amanga, lokuthuka. v. 20 Kuyilokhu okungcolisa umuntu.

U.19. Luyini usizi lwesimo umuntu awela kuso?

1. Bonke abantu ngokuwa kwabo balahlekelwa yibudlelwano loNkulunkulu, ^wbangaphansi kolaka lwesiqalekiso sakhe, ^xngenxa yalokhu abantu bachayekele insizi zalokhukuphila, lokufa uqobo, njalo lobuhlungu besihogo okungapheliyo.^x

u Gen. 3: 8 UAdamu lomkakhe bamchatshela uJehova uNkulunkulu ezihlahleni zensimu.

v. 24. Wamxhotsha uAdamu. v. 10.

w Efe. 2: 3 Sasingabantwana bolaka njengabanye ngokuvela kwethu v. 2. Gal. 3: 10. Besekulahlweni bonke abangemi njalo kukho konke okulotshiyeyo encwadini yomthetho bakwenze.

x Roma. 6: 23 Ngokuba inkokhelo yokona yikufa.

Mat. 25: 41 Khona izakuthi kwabangesokhohlo, dedani kimi lina elithukiweyo liye emlilweni ongapheliyo olungiselwe uSathani lezingilosi zakhe. v. 46.

U.20. Yikuthi uNkulunkulu wabayekela abantu ukuba bafele kiso isimo sesono losizi?

1. UNkulunkulu ngayo kuphela nje injabulo yokulunga kwakhe kulo lonke iphakade, wakhethela abanye kukho ukuphila okungapheliyo, ^ywangena esivumelwaneni sesisa ukubakhupha kiso isimo sesono losizi, ukuba abalethe kiso isimo sosindiso ngoMhlengi.^z

y Efe. 1: 4 Lokhu wasikhetha ngaye izwe lingakabi khona.

z Roma 3: 21 Khepha kalokhu kubonakaliswe ukulunga kukaNkulunkulu ngaphandle komthetho kuqiniswa umthetho labaprofethi. v. 22. Ukulunga kukaNkulunkulu ngokukholwa uJesu Kristu kukubo bonke abakhulwayo.

U.21. Ngubani na umhlengi wabakhethiweyo bakaNkulunkulu?

1. Munye kuphela uMhlengi wabakhethiweyo bakaNkulunkulu, yiNkosi uJesu Kristu, ^ayena owathi eyiNdodana kaNkulunkulu ephakade waba ngumuntu ^bnjengoba wabanjalo eyahlala enjalo enguNkulunkulu njalo engumuntu elemvelo ezimbili ezicacileyo engumuntu munye ^cokungapheliyo.^d

a 1 Tim. 2: 5 Ngokuba munye uNkulunkulu munye uMlamuli phakathi kukaNkulunkulu labantu nguye lumuntu uKristu Jesu. v. 6.

b Joha. 1: 14 ULizwi waba yinyama wahlala phakathi kwethu.

c Roma. 9: 5 Abalaboyise wavela kibo uKristu ngokwenyama ophezu kwakho konke, uNkulunkulu obongekayo kube phakade. Amen.

d Heb. 7: 24 Khepha yena ngokuba ehlala kuze kube nini nini ulobupristi obungaqamukiyo.

U.22. Kwenzakala njani ukuthi uJesu eyiNdodana kaNkulunkulu abengumuntu njalo?

1. UKristu iNdodana kaNkulunkulu waba ngumuntu, ngokuthatha umzimba oqotho,^e elomphefumulo ozwayo, ^femithwe ngamandla kaMoya oyiNgcwele, esizalweni sentombi uMaria, wazalwa nguye,^g engelasono.^h

e Heb. 2: 14 Ngakho-ke lokhu abantwana behlanganyela inyama legazi laye wahlanganyela lokhu. v. 16.

f Mat 26:38 Khona wathi kibo, "Umphefumulo wami udabukile kakhulu kuze kube lasekufeni, v. 27.

g Luka 1: 31 Bheka uzakhulelwa uzale iNdodana uqambe igama layo, uJesu. v. 35. Umoya oyiNgcwele uzakuza kuwe amandla oPhezukonke akusibekele. v. 42.

h Heb. 7: 26 Wasifanela uMpristi omkhulu onje oyingcwele omnene ongelasono ongahlangene lezoni. Heb. 4: 15, 10: 5.

U.23. Iyini imisebenzi kaKristu ayenza njengoMhlengi wethu?

1. UKristu njengoMhlengi wenza umsebenzi wobuprofethi,ⁱ wobupristi, ^klowenkosi ^lekusimo sokuthobeka lokuphakama.

i Seb. 3: 22 UMose wathi kubobaba: INkosi uNkulunkulu wenu iyakulivusela umprofethi kubazalwane benu onjengami lizamlalela yena ngakho konke kini. v. 21.

k Heb. 5: 6 Ungumpristi kuze kube laphakade ngokokuma kukaMelkisedeki. v. 7.

t Hubo 2: 6 Kanti ngigcobile iNkosi yami eZioni intaba yami eyingcwele.

Heb. 12: 25, 2 Kor.13: 3, Heb. 7: 25, Isa. 9: 6, 7, Mat 21: 5, Hubo 2: 8-11.

U.24. UKristu uwenza njani umsebenzi wobuprofethi?

1. UKristu wenza umsebenzi wobuprofethi ngokubonakalisa kithi^m ngelizwi lakhe,ⁿ langoMoya wakhe,^o intando kaNkulunkulu, ngosindiso lwethu.

m Joha.1:18 UNkulunkulu kabonwanga ngumuntu; iNdodana ezelwe yodwa esesifubeni sikaYise yiyona emchasisileyo. 1Pet. 1:10,11,12.

n Joha. 20:31 Kodwa lezi zilotshiwe ukuba likholwe ukuthi uJesu Kristu yiNdodana kaNkulunkulu lokuba likholwe libe lokuphila ngegama lakhe.

o Joha. 14: 26 Kepha uMthokozisi uMoya oyiNgcwele azamthuma uBaba ngegama lami nguye oyakulifundisa konke. Joha. 15: 15.

U.25. UKristu uwenza njani umsebenzi wobupristi?

1. UKristu umsebenzi wobupristi, uwenza ekuzinikeleni kwakhe kanye engumnikelo owenelisa umthetho^p kaNkulunkulu, njalo lokusibuyisela kuNkulunkulu^q lokusincengela njalonjalo.^r

p Heb. 9: 28 Kunjalo loKristu esenikelwe kanye ukuba athwale izono zabanengi. v. 14.

y Heb. 2:17 Ngakho-khe kwamfanela ukuba abe njengabafowabo kukho konke ukuze abe ngumpristi omkhulu ohawukelayo lothembekileyo kokukaNkulunkulu kube yinhlawulo yezono zabantu.

Heb. 7: 25 Ngakho-ke ulamandla okusindisa ngokupheleleyo abeza kuNkulunkulu ngaye lokhu ephilela njalo ukubamela. Heb. 7: 24.

U.26. UKristu uwenza njani umsebenzi wenkosi?

1. UKristu umsebenzi wenkosi uwenza ngokusithobela phansi kwakhe^s lekusibuseni lekusivikeleni^t njalo lekusithibeni lekunqobeni zonke izitha zakhe lezethu.^u

s Hubo 110: 3 Abantu bakho bazavuma ngosuku lwamandla akho.

r Isa 33: 22 Ngokuba uJehova ungumahluleli wethu, uJehova ngumenzi wemithetho yethu, uJehova uyiNkosi yethu uzasisindisa.

u 1 Kor.15: 25 Ngokuba umele ukubusa aze abeke izitha zakhe zonke phansi kwenyawo zakhe.

Seb.15: 14-16; Isa. 32: 1, 2. Hubo 110: 1-3.

U.27. Kungaphi lapho okulokuzithoba kukaKristu na?

1. Ukuzithoba kukaKristu kusekubelethweni kwakhe ezalwa ngesimo esiphansi^w, wenziwa waba ngaphansi komthetho, ^xwangena ezinsizini zalokhukuphila^y lelakeni lukaNkulunkulu, ^zlokufa okuqalekisiweyo esiphambanweni, ^alokuthi wangcwatshwa, waba ngaphansi kwamandla okufa okwesikhathi.^b

w Luka 2: 74 Wazibula ngendodana wayembathisa waseyilalisa emkhombeni.

x Gal. 4: 4 UNkulunkulu wathumela iNdodana yakhe eyazalwa ngowesifazana, izelwe ngokomthetho.

y Isa. 53: 3 Uyeyiswa kathandwa ngabantu, ngumuntu wezinhlupheko ojwayele uhlupho.

z Mat. 27: 46 Ngehora lesitshiyangalolunye uJesu wamemeza ngelizwi elikhulu wathi: Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungitshiyelani?

a Fil. 2: 8 Wazithoba elalela kwaze kwaba sekufeni lasekufeni esiphambanweni.

b Mat. 12: 40 NjengoJona owahlala esiswini sensikabayitshiye okwezinsuku ezinthathu lobusuku obuthathu njalo iNdodana yomuntu izakuba senhliziyweni yomhlaba okwensuku ezinthathu lobusuku obuthathu.

Heb.12: 2, 3; Luka 22: 44;1 Kor. 15: 3, 4; Seb. 2: 2427, 31.

U.28. Kungaphi lapho uKristu aphakanyiswa khona?

1. Ukuphakanyiswa kukaKristu kusekuvukeni kwakhe kwabafuleyo ngosuku lwesithathu ^clasekwenyukeleni kwakhe ezulwini, lekuhlaleni kwakhe ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise,^d njalo lekubuyeni kwakhe esezogweba ilizwe mhla wokuphela.^e

c 1 Kor. 15:4 Ngokuba wangcwatsha wabuya wavuka ngosuku lwesithathu njengokusemibhalweni.

d Marko 16: 19 Kwathi iNkosi isikhulumile labo, yenyukela ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

e Seb. 17: 31 Ngokuba ulumisile usuku azakwahlulela ngalo ilizwe ngokulunga, ngomuntu ambekileyo waqinisa kubo bonke ngokumvusa kwakhe kwabafuleyo.

Efe. 1:20; Seb. 1: 11.

U.29. Senziwa njani ukuthi sihlanganyele kukho ukuhlengwa okwathengwa nguKristu?

1. Senziwa sibe ngabahlanganyeli kulo uhlenge olwathengwa nguKristu ngokufezwa kwalo okulamandla kithi, ^fnguMoya oyiNgcwele wakhe.^g

f Joha. 1: 12 Kodwa labo abamamukelayo wabanika amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu.

g Tit. 3: 5 Kungayi ngemisebenzi yokulunga esiyenzileyo khepha ngomusa wakhe wasisindisa ngokuhlamba kokuzalwa kutsha langokwenziwa kutsha ngoMoya oyiNgcwele. v. 6. Awuthelayo wande kithi, ngaye uJesu Kristu umsindisi wethu.

U.30. UMoya oyiNgcwele ulufaka njani kithi uhlenge olwathengwa nguKristu?

1. UMoya ufaka kithi uhlenge olwathengwa nguKristu ngokwenza sibe lokholo ngaphakathi kwethu^h

ngalokhu esihlanganisa loKristu kukho ukubizwa kwethu okuphumelelayo.ⁱ

h Efe. 2:8 Ngoba ngomusa lisindisiwe ngokholo, lalokhu kakaveli kini; yisipho sikaNkulunkulu.

i Efe. 3:17 Ukuze uKristu ahlale enhliziyweni zenu ngokukholwa.

1. Kor. 1: 9 UNkulunkulu uqinisile elabizelwa kuye enhlanganyelweni yeNdodana yakhe uJesu Kristu iNkosi yethu.

Efe. 1: 13,14; Joha. 6: 37, 39.

U.31. Kuyini ukubizwa okuphumelelayo?

1. Ukubizwa okuphumelelayo ngumsebenzi kaMoya kaNkulunkulu^k esivumisa izono zethu losizi lwethu, 'ekhanyisa ingqondo zethu, kukho ukumazi uKristu^m esenza butsha intando zethu,ⁿ esivumisa, njalo esinika amandla okuba samukele uJesu Kristu onikelwe kithi ngokukhululekileyo evangelini.^o

k 2 Tim. 1: 9 Osisindisileyo wasibiza ngokubiza okungcwele. 2 Tes. 2: 13,14.

l Seb. 2: 37 Bathi bekuzwa lokhu bahlabeka ezinhliziyweni bathi kuPetro lakwabanye abaPostoli, Madoda, bazalwane, sizakwenzani na?

m Seb. 26:18 Ukuvula amehlo abo ukuze baphenduke ebunyameni baye ekukhanyeni baphenduke emandleni kaSathani baye kuNkulunkulu.

n Ezek. 36: 26 Ngisuse inhliziyi yelitshe kuyo inyama yenu ngalipha inhliziyi yenyama. v. 27.

o Joha. 6: 44 Akulamuntu ongeza kimi nxa ubaba ongithumileyo engamdonsanga. v. 45. Lowo ozwileyo ngoBaba wafunda uyakuza kimi. Fil. 2: 13.

U.32. Ziyini inzuzo ezizuzwa ngababizwe ngokuphumeleleyo besekule impilo?

1. Labo ababizwe ngokuphumeleleyo besekule impilo bemukela ukulungisiswa,^p ukuma kwabantwana^q lokwenziwa babengcwele; njalo lezinye inzuzo ezivela kulokhukuphila^r.

p Rom. 8: 3 Lalabo abamisayo ngaphambili, bona labo wababiza; lalabo ababizayo, bona labo wabalungisisa; lalabo abalungisisayo, bona labo wabapha inkazimulo.

q Efe. 1: 5 Wasimisa saba ngabangabantwana ngoJesu Kristu.

r 1 Kor. 1 : 30 Kepha lina ngaye likuKristu Jesu owenzelwa thina nguNkulunkulu ukuhlakanipha lokulunga lobungcwele lokukhululwa. v. 26.

U.33. Kuyini ukulungisiswa?

1. Ukulungisiswa yisenzo sikaNkulunkulu, asenza ngesisa sakhe, ngokuthethelela zonke izono zethu, 'esamukela njengabalungileyo ebusweni bakhe, 'kuphela ngenxa yokulunga kukaKristu okufakwa kithi,^w kwamukelwe ngokholo kuphela.^w

s Efe. 1: 7 Esilokuhlengwa ngaye ngegazi lakhe lokuthethelelwa izono njengokwanda komusa wakhe.

t 2 Kor. 5: 21 Ngokuba ongakwaziyo ukona wenziwa ukona ngathi ukuze thina senziwe ngaye ukulunga kukaNkulunkulu.

u Roma 5: 19 Ngoba njengoba ngokungalaleli komuntu munye abanengi benziwa izoni, ngokunjalo ngokulalela komuntu munye abanengi bazakwenziwa abalungileyo.

w Gal. 2: 16 Sisazi ukuthi umuntu kalungisiswa ngemisebenzi yomlayo, kodwa ngokholo lukaJesu Kristu, lathi sakholwa kuKristu Jesu, ukuze silungisiswe ngokholo lukaKristu.

Roma. 3: 24; Roma. 4: 6-8; Roma 5:17,18; Fil. 3: 9.

U.34. Kuyini ukungeniswa ebantwaneni bakaNkulunkulu?

1. Ukungeniswa ebantwaneni bakaNkulunkulu kwenzeka ngesisa sikaNkulunkulu^x lapho esamukelwa kilo inani, njalo sibe lamathuba afanela amadodana kaNkulunkulu.^y

x 1 Joha. 3: 1 Khangalani uthando olungaka asiphe lona uYise lokuthi sithiwe ngabantwana bakaNkulunkulu.

y 1 Joha. 1: 12 Kodwa labo abamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe.

Roma. 8: 17 Nxa singabantwana siyizindlalifa njalo izindlalifa zikaNkulunkulu lezindlalifa kanye loKristu.

U.35. Kuyini ukwenziwa ngcwele?

1. Ukwenziwa ngcwele ngumsebenzi wesisa sikaNkulunkulu, 'okungakho senziwa batsha kubantu bethu bonke, bufane lomfanekiso kaNkulunkulu,^a siphilwe amandla njalo ukuba siye sisifa esonweni siphile ekulungeni.^b

z 2 Tes. 2:13 UNkulunkulu walikhethela ukusindiswa ekuqaleni ngokuhlanya kukaMoya.

a Efe. 4: 24 Njalo lembathe umuntu omutsha, odalwe njengokukaNkulunkulu ekulungeni lebungcweleni beqiniso.

b Roma. 8: 1 Kunjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu abangahambi ngokwenyama kodwa ngokoMoya.

U.36. Ziyini inzuzo kule impilo ezigeleza zivela ekulungisweni ebuntwaneni?

1. Inzuzo ezifunyanwa kule impilo, zigeleza ekulungisweni, ebuntwaneni lekungcweliseni, zitshengisa ukuqiniseka kothando lukaNkulunkulu, ukuthula kwesazela, ukuthokoza kuye uMoya oyiNgcwele, 'ukwandiswa komusa,^d lokuphikelela kuze kube sekupheleni.^e

c Roma 5:1 Kunjalo lokhu silungisiswa ngokukholwa silokuthula kuNkulunkulu ngayo iNkosi yethu uJesu Kristu. v. 2 Ngaye saba lokungena ngokukholwa kulo umusa esimi ngawo, sithokoza ngethemba lobukhosi bukaNkulunkulu. v. 5 Ithemba alijabhisi ngokuba uthando lukaNkulunkulu luthelwe ezinhliziyweni zethu nguMoya oyiNgcwele esimphiweyo.

d Zaga 4: 18 Kepha indlela yabalungileyo injengokukhanya okuqhubekayo okukhanya njalo kube yimini epheleleyo.

e 1 Joha. 5: 13 Lezizinto ngizilobile kini lize lazi ukuthi lilokuphila okungapheliyo lina elikholwayo egameni leNdodana kaNkulunkulu, Rom. 14: 17; 1 Pet. 1: 5.

U.37. Ziyini na inzuzo ezemukelwa kuKristu ngamakholwa nxa esekufeni?

1. Imiphefumulo yamakholwa iyaphelelisa ebungcweleni^f besekufeni njalo khonokho besifa idlulela ebukhosini, ^gimizimba yabo ilokhu inhlange kuKristu ^hiyaphumula emangcwabeni ⁱkuze kube mhla wokuvuka.^k

f Heb. 12: 23 Lakuyo imimoya yabalungileyo, abapheleleyo.

g Fil. 1:23 Ngilenziziyo yokudlula ngihlale loKristu.

h 1 Tes. 4:14 Njalo labaleleyo kuJesu, uNkulunkulu uzakubavusa kanye laye.

i Isa. 57: 2 Uzangena yena ekuthuleni, bazaphumula emibhedeni yabo, yilowo ehamba ngokulunga kwakhe.

k Jobe 19: 26 Lokho usuphelile umzimba wami ngizambona uNkulunkulu ngilenyama yami. v. 27.

2 Kor. 5: 1, 6, 8; Luka 23: 43; Isa. 57: 2.

U.38. Ziyini inzuzo ezizakwamukelwa kuKristu mhla wovuko?

1. Mhla wovuko amakholwa evuselwe ebukhosini ^lazakwamukelwa obala emsulwa mhla wokwahlulelwa, ^mabusiswe ngokupheleleyo, athokoze ngokupheleleyo kuNkulunkulu ⁿkilo lonke iphakade.^o

l 1 Kor. 15: 43 Kuhlanyelwa kulokudlwa kuvuka kulobukhosi.

m Mat. 10: 32 Lowo ongivuma phambi kwabantu lami ngizakumvuma phambi kukaBaba osezulwini.

n 1 Joha. 3: 2 Nxa ebonakala sizakuba njengaye ngoba sizambona njengoba enjalo.

o 1 Tes. 4: 17 Kunjalo sizakuba kuyo iNkosi. v. 18.

Mat. 25: 23; 1 Kor. 13: 12.

U.39. Uyini umsebenzi ofunwa nguNkulunkulu emuntwini?

1. Umsebenzi awufunayo uNkulunkulu emuntwini, yikulalela intando yakhe ayembulileyo.^p

p Mika 6: 8 Ukubonisile, muntu, lokhu okulungileyo; uJehova ubizani phela kuwe kungabi yikwenza ukwahlula lokuthanda umusa lokuzehlisa uhambe loNkulunkulu wakho na?

1 Sam. 15: 22.

U.40. Kuyini uNkulunkulu akwambulela umuntu ekuqaleni okuyindlela yokulalelwa kwakhe?

1. Indlela yokumlalela uNkulunkulu ayambulela umuntu ekuqaleni, ngumthetho wokuziphatha.^q

q Roma 2:14 Nxa abezizwe, abangelamthetho, besenza okwemvelo yabo ngomthetho, labo bengelamthetho, bangumthetho wabo ngokwabo. v. 15. Bayabonakalisa imisebenzi yomthetho olotshiweyo ezinhliziyweni zabo. Rom. 10: 5.

U.41. Kungaphi lapho okumunyethwe khona umthetho wokuziphatha ngokufitshane?

1. Umthetho wokuziphatha umunyethwe ngokufitshane kiyo imithetho elitshumi.^r

r Dute. 10:4 Wabhala phezu kwamatshe amazwi anjengawakuqala emithetho elitshumi.

Mat 19: 17 Khepha nxa uthanda ukungena ekuphileni, gcina imilayo.

U.42. Iyini imfundiso yemithetho elitshumi?

1. Imfundiso yemithetho elitshumi yikuthanda iNkosi uNkulunkulu wethu ngenhliziyo yethu yonke, langomphefumulo wethu wonke, langamandla ethu wonke, langengqondo yethu yonke njalo lowakhelene lathi njengokuba sizithanda thina.^s

s Mat 22:37 Wothanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke langophemfumulo wakho wonke langengqondo yakho yonke. v. 38 Yilowo umlayo wokuqala lomkhulu. v. 39 Lowesibili ufanana lawo wokuthi wothanda wena owakhelene lawe njengalokhu uzithanda wena. v. 40 Kulemilayo emibili kubambelele umthetho wonke wabaprofethi.

U.43. Yiwaphi na amazwi andulela imithetho elitshumi?

1. Amazwi andulela imithetho elitshumi yila: NginguNkulunkulu wakho owakukhupha ezweni laseGibithe endlini yobugqili.^t

r Eks. 20: 2.

U.44. Amazwi andulela imithetho elitshumi asifundisa?

1. Amazwi andulela imithetho elitshumi asifundisa, ukuthi njengokuba uNkulunkulu eyiNkosi, njalo enguNkulunkulu wethu, loMhlengi wethu, ngalokhu sibots shelwe ukuba sigcine yonke imithetho yakhe.^u

u Dute. 11:1 Ngakho-ke uzamthanda uJehova uNkulunkulu ukugcine akutshoyo lezimiso zakhe lokwahlulela kwakhe lomthetho wakhe njalo njalo.

Luke 1:74 Ukusinika, ukuthi sesikhululiwe esandleni sezitha zethu, siyikhonze singelakwesaba v. 75 ngobungcwele langokulunga phambi kwayo zonke insuku zempilo yethu.

1 Pet 1: 15-19.

U.45. Yiwuphi na umthetho wokuqala?

1. Umthetho wokuqala yilo: Ungabi labanye onkulunkulu ngaphandle kwami.^y

Eks. 20: 3.

U.46. Kuyini okufunekayo kuwo umthetho wokuqala na?

1. Umthetho wokuqala ufuna sazi^w njalo sivume ukuthi uNkulunkulu nguye kuphela uNkulunkulu wethu, ^xlokuba simdumise, simkhonze ngokufaneleyo.^y

w 1 Lan. 28:9 Wena Solomoni ndodana yami, mazi uNkulunkulu kayihlo.

x Dute. 26: 17 Umvumile uJehova lamuhla ukuba abe nguNkulunkulu wakho uhambe ezindleleni zakhe ugcine imithetho yakhe lezimemezelo zakhe lemilayo yakhe ulilalele izwi lakhe.

y Mat. 4:10 Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho umkhonze yena yedwa.

Hubo 29: 2.

U.47. Kuyini na okwaliwa ngumthetho wokuqala?

1. Umthetho wokuqala wala ukuphika^z lokungakhonzi lokungadumisi uNkulunkulu weqiniso ^anjengoNkulunkulu wethu, ^blokunika omunye inkonzo lodumo oluqonde yena yedwa.^c

z Hubo. 14:1 Isiwula sitsho enhliziyweni yaso ukuthi akulaNkulunkulu.

a Roma 1: 20 Njalo kabalakuphendula, v. 21 ngoba kuthe bemazi uNkulunkulu, kabamdumisanga njengoNkulunkulu.

b Hubo. 81: 11 Khepha abantu bami kabezwanga, uIsraeli wayengangivumi. v. 10.

c Roma 1: 25 Iqiniso likaNkulunkulu baliphendula amanga, bahlonipha bakhonza okudatshulwayo kulaye oDabulayo, obongekayo kuze kube phakade. Ameni, v. 26.

U.48. Kuyini kanye esikufundiswa yila amazwi “ngaphandle kwami” akuwo umthetho wokuqala?

1. La amazwi “ngaphandle kwami” akuwo umthetho wokuqala asifundisa ukuthi uNkulunkulu obona zonke izinto, uyaqaphelisa njalo kathokozi ngesono sokuba labanye oNkulunkulu.^d

d Hubo 44: 20 Uma sikhohlwe igama likaNkulunkulu wethu loba sezelwe izandla zethu kunkulunkulu wezizwe. v. 21.

UNkulunkulu akayikuhlola lokhu na?

Ezek. 8: 5, 6.

U.49. Yiwuphi umthetho wesibili?

1. Umthetho wesibili yilo: Ungazenzeli isithombe esibaziweyo lomfanekiso wokusezulwini ngaphezulu lowokusemhlabeni phansi, lowokusemanzini phansi komhlaba. Ungazikhonzi ngokuba mina uJehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu olomona, ngehlisela izono zaboyise kubantwana abesizukulwana sesithathu labesine sabangizondayo; ngibenzela umusa abazinkulungwane abangithandayo abagcina imithetho yami.^e

e Eks. 20: 4-6.

U.50. Kuyini okufunekayo emthethweni wesibili?

1. Umthetho wesibili ufuna ukwemukela, ukugcina, ^{ee}lokulondoloza ngokuhlazeka okupheleleyo zonke izimiso uNkulunkulu azimisileyo eziselizwini lakhe.^f

ee Dute. 32: 46 Wathi kibo: Bekani inhliyo yenu kuwo wonke amazwi engiwafakaza kini lamuhla eliyakulaya ngawo abantwana benu ukuba baqaphele ukuwenza amazwi wonke alumthetho.

Mat. 28: 20 Libafundise ukugcina konke engililaye ngakho.

f Dute. 12: 32 Konke engililaye ngakho liboqaphela ukuba likwenze. Awuyikwengeza kukho futhi ungakunciphisi. Seb. 2: 42.

U.51. Kuyini okwaliwayo emthethweni wesibili?

1. Umthetho wesibili wala ukukhonza uNkulunkulu ngemifanekiso langezithombe^g langayiphi indlela engamiswanga elizwini lakhe.^h

g Dute 4: 15 Gcinani kuhle imiphefumulo yenu lokhu lingabonanga simo ngalolosuku uJehova akhuluma ngalo kini eHorebe. v. 16 Funa lone lizenzele izithombe ezibaziweyo. vv. 17,19.

h Kol. 2: 18 Akungabikho muntu olamuka umvuzo ethokoza ngokuzithobisa kwakhe langokudumisa izingilosi engena kulokho angakubonanga ezikhukhumeza ngeze ngenhliyo yakhe engokwenyama.

Eks. 32: 5, 8; Dute. 12: 31, 32.

U.52. Yiziphi na izizatho ezixhumene lomthetho wesibili?

1. Izizatho ezixhumene lomthetho wesibili yilezi; ubukhosi bukaNkulunkulu phezu kwethu^f, ubuninithina^k lokutshiseka alakho ngenkonzo yakhe.^l

i Hubo. 95:2 Asize phambi kobuso bakhe ngokubonga sihube kuye ngezihlabelo. v. 3. Ngokuba uJehova nguNkulunkulu omkhulu, uyiNkosi enkulu ngaphezu kwabonkulunkulu bonke. v. 6.

k Hubo. 45: 11 Yona yiNkosi yakho ngakho idumise.

l Eks. 34: 14 Ngokuba awuyikukhonza omunye uNkulunkulu lokhu uJehova igama lakhe linguMona unguNkulunkulu olomona v. 13.

U.53. Yiwuphi umthetho wesithathu?

1. Umthetho wesithathu yilo: Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngoba uJehova uzambeka icala ophatha igama lakhe ngeze.

Eks. 20: 7.

U.54. Kuyini okufunekayo emthethweni wesithathu?

1. Umthetho wesithathu ufuna sisebenzise ngcwele, langokuhlonipha amabizo kaNkulunkulu^m, lokunye ukubizwa kwakhe, lempawuⁿ, lenkonzo,^o lelizwi, ^pnjalo lemisebenzi yakhe?^a

m Hubo. 29: 2 Nikani kuJehova ukukhazimula kwegama lakhe.

n Isam. 15:3 Mikhulu iyamangalisa imisebenzi yakho Nkosi Nkulunkulu, Somandla, zilungile ziyisiminya izindlela zakho Nkosi yabangcwele. v. 4. Ngubani ongayikwesaba wena Nkosi alidumise ibizo lakho na?

o Tshu. 5: 1 Gcina unyawo lwakho ekuhambeni kwakho ukuya endlini kaNkulunkulu, sondela ukuze uzwe kulokuba unikele umnikelo weziwula.

p Hubo 138: 2. Ngizakukhuleka ngikhangele ethempeleni lakho elingcwele.

q Jobe. 36: 24 Khumbula ukhulise umsebenzi wakhe abawubonayo abantu.

Mat 6: 9; Dute. 28: 58; Hubo. 68: 4; Mal 1:2,11,14,

U.55. Kuyini na okwaliwa ngumthetho wesithathu?

1. Umthetho wesithathu walela konke ukungcolisa lokuphatha ngokungafanelanga konke uNkulunkulu akusebenzisayo ukuba aziwe ngakho.^r

r Mal. 2: 2 Uba lingavumi ukuzwa loba lingakubeki enhliziyweni ukunika udumo kilo ibizo lami uqobo, utsho uJehova wamabandla, ngizathuma kuphela isiqalekiso phezu kwenu. Mal. 1: 6, 7, 12; Mal. 3: 14.

U.56. Siyini isizatho esixhumene lomthetho wesithathu?

1. Isizatho esixhumene lomthetho wesithathu yilesi: Ukuthi lanxa abephula lo umthetho bephepha kuswazi lwabantu kube kanti inkosi uNkulunkulu wethu kayisoze ibayekele baphephe isigwebo sayo esiqondileyo.^s

s Dute. 28: 58 Uma ungaqapheli ukwenza wonke amazwi omthetho alotshiweyo kule incwadi, ukulesaba leligama elingcwele lelesabekayo, uJehova uNkulunkulu wakho. v. 59. Khona-ke uJehova uzakwenza izinhlopheko zakho zesabeke. 1 Sam. 2:12,17, 22, 29; 1 Sam. 3: 13.

U.57. Yiwuphi umthetho wesine?

1. Umthetho wesine yilo: Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lube ngcwele. Uzasebenza izinsuku eziyisithupha uwenze wonke umsebenzi wakho kodwa usuku lweSabatha luyiSabatha likaJehova uNkulunkulu wakho; ungasebenzi umsebenzi ngalo, wena lendodana yakho lendodakazi yakho, lesisebenzi sakho sesilisa lesesifazana lenkabi zakho lohambele kuwe osemzini wakho. Ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova wenza izulu lomhlaba lolwandle lakho konke okukukho, waphumula ngosuku lwesikhombisa, ngakho uJehova wabusisa usuku lwesikhombisa walwenza lwaba ngcwele.

Eks. 20: 8-11.

U.58. Kuyini na okufunekayo emthethweni wesine?

1. Umthetho wesine ufuna ukulondolozwa ngcwele kuNkulunkulu kwezikhathi azimiseleyo eziselizwini lakhe, ngokukhethekileyo, usuku lube lunye kweziyisikhombisa, ukuze lube liSabatha elingcwele kuye.^t

t Lev. 19: 30 Gcinani amasabatha ami, lesabe indlu yami engcwele. NgiyiNKOSI.

Dut. 5: 12 Gcina usuku lwesabatha, ukulungcwelisa, njengokukulaya kweNKOSI uNkulunkulu wakho. vv. 13, 14.

U.59. Yiluphi usuku kweziyisikhombisa uNkulunkulu alumisileyo ukuba lube lusuku lweSabatha lakhe wonke amaviki?

1. Kusukela ekuqaleni kwelizwe kusiya ekuvukeni kukaKristu kwabafuleyo, uNkulunkulu walumisa usuku lwesikhombisa ukuze lube liSabatha lakhe wonke amaviki. ^uUsuku lokuqala lweviki kusukela mhlalokho, kuze kube sekupheleni kwelizwe luliSabatha lamaKristu.^w

u Gen. 22:3 UNkulunkulu wabusisa usuku lwesikhombisa walungcwelisa ngoba ngalo uNkulunkulu waphumula emisebenzini yonke yakhe ayeyidabulile, wayenza. v. 2.

w Seb. 20:7 Kwathi ngosuku lokuqala lweviki seabuthene abafundi ukuze bahlephule isinkwa, uPawuli watshumayela kibo.

Isam. 1: 10 NgangiloMoya ngosuku lweNkosi.

1 Kor. 16: 1, 2.

U.60. Lingagcinwa njani ngcwele iSabatha na?

1. ISabatha lingenziwa ngcwele ngokuphumula okungcwele ngalo lonke lolosuku, kuyo yonke imisebenzi yelizwe, lezilbaziso ezisemthethweni ngezinye izinsuku^x zeviki, kufanele sichithe isikhathi sonke kuyo inkonzo kaNkulunkulu esobala lengasese,^y ngaphandle nje kwemisebenzi efaneleyo leyesihawu.^z

x Lev. 23:3 Kuzasetshenzwa okwensuku eziyisithupha khepha ngolwesikhombisa luliSabatha lokuphumula, umkhosi ongcwele, lingasebenzi umsebenzi ngalo.

y Hubo. 92:1 Kuhle ukumbonga uJehova lokuhlabelela igama lakho, wena oPhezukonke. v. 2 Ukutshumayela umusa wakho ekuseni lokuthembeka kwakho ebusuku.

z Mat. 12:11 Nguwuphi umuntu kini olemvu eyodwa nxa iwele emgodini ngeSabatha engayibambi ayikhuphe na? v. 12. Pho-ke umuntu udlula imvu ngokunganani na? Ngakho-ke kuvunyelwe ukwenza okuhle ngeSabatha. Eks. 20: 8, 10; Eks. 16: 25-28; Neh 13: 15-19, 21, 22; Luka 4: 16; Seb. 20: 7; Isa. 66: 23.

U.61. Kuyini na okwaliwa emthethweni wesine?

